# *INDLOVUKAZI YASESHEBA*

. . . simile umzuzwana nje manje senzele umkhuleko, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

2 Nkulunkulu othandekayo, siyaKubonga ngenhlanhla esinayo yokubuthana ndawonye kanye futhi. Futhi sizocela ukuthi izibusiso zaKho zibe phezu kwethu kulobubusuku, ukusindisa abangcolile, nokuphulukisa labo abagulayo nabahluphekile, nokubusisa labo ababusisekayo kulobubusuku. Futhi kwangathi singaba nokuthululwa okukhulu koMoya waKho.

3 Busisa abazalwane abakhonzisayo. Kusasa kuyisabatha futhi sizophuma kusasa ukuba—ukuba sifakaze ngaWe kulo lonke idolobha, futhi sikhulekela ukuthi Uzobusisa onke amapulpiti kulelidolobha, namadolobha ahlanganyelayo, nasemhlabeni jikelele. Futhi kwangathi abefundisi bangaba ngukukhanya okusha kubantu, futhi yipha khona, Nkosi, ukuthi izimangaliso eziningi ezinkulu zizokwenziwa kusasa ngeGama leNdodana yaKho, iNkosi uJesu, emapulpiti abo, enkonzweni ezizweni zonke.

4 Siphe okufanayo kulobubusuku, Nkosi, into ethize engavamile, ukuthi lababantu abathandekayo, abedlule emvuleni nodaka ukuba beze bazozwa iVangeli, kwangathi bangaya ekhaya benezinhliziyo ezilula, futhi bethokoza ngomphefumulo owenelisekile, ukuthi kade beseBukhoneni beNkosi uJesu. Siphe lezizinto, Baba, ngokuba siyazicela, eGameni loMntwana waKho. Amen.

5 Ningahlala phansi. Abanye bashilo namhlanje ukuthi abaningi bashaye ucingo, bexoxa ngesehlakalo sabo sokuphulukiswa izolo ebusuku ezethamelini. Futhi abanye babo kade bethi bebengekho ngisho emsamo, bebehlezi nje emhlanganweni, futhi ngesinye isikhathi osukwini baqonda ukuthi ukugula ababenakho bekungasekho. Ngakho, ngiyakuthanda lokho. Futhi ngeke sasho-ke ukuthi "u*S'bani-bani*, abefundisi abathize babeke izandla zabo phezu kwami, futhi . . ." Niyabo, uNkulunkulu uthola lonke udumo, futhi ngiyakuthanda nje lokho, lapho uNkulunkulu ethola udumo, ngoba konke kusodumweni lwaKhe ukuthi sihlose Yena ukuba akwemukele, konke kube udumo lwaKhe.

6 Manje, eBhayibhelini kulobubusuku, sifisa ukuthatha indikimba encane okwemizuzu embalwa nje. Futhi manje, kusasa ebusuku ngukuvalwa komkhankaso wethu omncane, ubusuku obuthathu nje ukuthi ukujwayelana nani bantu. Bese kuthi-ke, kubonakala kuxakile, ngesikhathi nje lapho esejwayelana, khona-ke sithi, "Awu, ngizokubona ngesinye

isikhathi." Kubonakala sengathi bekungaleyondlela manje eminyakeni eyishumi nambili edlule emhlabeni jikelele, vele ujwayelane futhi uphuthume.

7 Uma uNkulunkulu ethanda, futhi lapho sengibuya phesheya kwezilwandle ngalesisikhathi, ngizozama ukuzitholela ithende, noma okuthize, ukuze ungadingi ukusheshisa uphume edolobheni, vele ulimise futhi uhlale lapho isikhashana. Futhi ngineqiniso ukuthi kuzoba ngcono, ngoba uzo. . . Uma abantu engazi nje ukuthi kubanjwa kanjani ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. . . Kunokuningi kukho kunokuba nje, wenyuke bese uthi, "Ngiyakholwa," bese usuka uhambe.

8 Uma isiguli sinento ethize efana nethumba, noma into ethize yalolohlelo, lesosiguli sizozizwa singcono khona lapho, kodwa phakathi cishe kwamahora angamashumi ayisikhombisa nambili, bayagula kakhulu kunoma bake baba njalo, ngoba lesosigaxa, kumbe noma ngabe kuyini, ukuphila okwakukulesosigaxa kufile, nesigaxa sisekhona, ngakho kuqala uku—ukuhlakazeka. Bese kuthi-ke, lapho kwenza, inhliziyo iphampa igazi, negazi lihlanza umzimba, ngakho kuhlala emkhuhlaneni, nesiguli sibonakala sicabanga, "O, ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami." Ngani, u—ukukholwa obekungakhipha ukuphila ethumbeni, ukungakholwa kuzokubuyisa futhi, lapho balahlekelwa ukuphulukiswa kwabo—kwabo. Abayazi nje indlela yokusondela.

9 Kodwa khumbulani, ekusebenzaneni ne, njengento, ithumba, asibhekene nalesosigaxa noma umdlavuza. Yini umdlavuza na? Ngukuphila, futhi akusikho ukuphila kwakho, ngokunye ukuphila, kungukuphindaphindeka kwamangqamuzana. Futhi yini eyabangela ukuba kube lapho na? Ngokunye ukuphila okungene kokwakho ukukubulala. IBhayibheli likubiza ngo*develi*, sikubiza ngo*mdlavuza* namhlanje, okuyigama lezokwelapha, elivela egameni i*nkalankala*, kodwa iBhayibheli likubiza ngo*develi*, umbulali.

10 Manje, asibhekene naleyondlu encane ekhulayo, ukhulisa amangqamuzana njengoba nje wenza. Benazi yini ukuthi wavela engqamuzaneni elilodwa elincane na? Lelongqamuzana lavela kuyihlo, imbewana yangena eqandeni, okwakungumama wakho, futhi lapho kwakhula, ingqamuzana liqala ukukhukhumala, nengqamuzana phezu kwengqamuzana, laze lakwenza waba yilokho oyikho namhlanje. Futhi manje lokho kuphila onakho kuwe manje ngalamangqamuzana angamangqamuzana amahle, amangqamuzana okuphila kwakho. Kodwa nakhu kufika umdlavuza, noma ithumba, kumbe noma yisiphi esinye isifo, futhi yingqamuzana elehlukile, nembewana ehlukile. Futhi kuzokwenzani na? Aku. . . Uma kuphambene nokuphila kwakho, khona-ke ngukufa. Ngakho yidemoni, futhi asibhekene naleyongubo ende elihlala kuyo, leyondlu, sibhekene nokuphila okukuleyondlu.

11 Njengokuthi nje ukuba bengisebenzana nawe, ukuba ubungumdlavuza, futhi bengiyoba, ngizama nje ukuhlikihla umzimba wakho uze ungabe usabakhona, kodwa nje ngikhiphe ukuphila kuwo, uyobuyela othulini lomhlaba. Kuyilokho-ke ukukhipha amademoni, ukubiza ukuphila kwalokho kuphume; into isekhona, umzimba.

12 Kodwa kwenzekani esilwaneni esincane uma sibulawa na? Kwenzekani enyamazaneni idiye, nina bazingeli enhla lapha, uma uyibulala namhlanje bese uyiphosa ezikalini bese uyayikala na? Utshela abangani bakho obambisene nabo ukuthi inyamazane yakho idiye isinda kakhulu *kangako*, kodwa yibeke ezikalini ekuseni bese ubona ukuthi iyosinda kangakanani, isilula ngamaphawondi. Noma yini eyenzayo, ishwabana isikhathi eside kakhulu, kuze kuqale ukubola, khona-ke iyakhukhumala, futhi iya ngokusinda ngokwedlulele futhi ibe nkulu ngokwedlulele kunoma beyinjalo endaweni yokuqala.

13 Leyonto efanayo yenzeka ethumbeni noma umdlavuza, khona-ke isiguli siqala ukuthi, "Awu, ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami." Isibonakaliso esihle kunazo zonke ezweni onaso! Futhi yingakho izikhathi eziningi, ugijima ungena njengemihlangano emincane kanje, asilitholi ithuba lokuba naleyomihlangano yantambama yeziyalo futhi sitshela abantu ukuthi babambelele kanjani kuNkulunkulu. Sifanele nje sithathe ithuba kubantu benokukholwa, kungakhathaleki ukuthi bazizwa kanjani, noma yibuphi ubufakazi obubonakalayo banoma yini iphinde yenzeka, basakukholwa. Hlala nakho ngqo, leyo yinto esemqoka.

14 Manje, ngifuna ukufunda elinye leZwi likaNkulunkulu elibusisiweyo elitholakala kulobubusuku encwadini kaMathewu oNgcwele, amashumi amane-. . .isahluko 12 nevesi 42.

> Futhi *inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emi*khawulweni *yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.*

15 Kwangathi iNkosi ingabusisa iZwi laYo. UJesu, esahlukweni sangaphambili, wayekade ethethisa imizi ngenxa yokungakholwa kwabo. Niyazi, ukungakholwa kungenye yezinto ezesabekayo kakhulu engashaya umuntu. Futhi kukhona imikhakha emibili kuphela angakubusa, lokho kuphakathi kokuthi ukukholwa noma ukungakholwa. Ungeke waba maphakathi nendawo, azikho izinyoni ezimhlophe-zimnyama, noma amadoda adakiwe-engadakiwe, abangcwele-abayizoni, kuphakathi kokuthi uyikholwa, noma awusilo ikholwa. Futhi isono kuphela esikhona, ukungakholwa.

16 Ungahle ube ngohlale engokholwa kakhulu futhi ungalokothi uqambe amanga, ungahle ube yilunga lebandla elinjalo, kuze kuthi bonke omakhelwane bayothi, "Umuntu owaziwa kangaka pho!" futhi ube usalokhu uyisoni ebusweni bukaNkulunkulu. Awehlulelwa ngalokho, kungokukholwa kwakho. "Ongakholwa uselahliwe vele."

17 Uma—uma ukulunga yilokho okuthokozisa uNkulunkulu, okungukuthi kuyakwenza, kodwa konke lokho uNkulunkulu akudingayo, abaFarisi batholwa bengenasici, kodwa nokho uJesu wathi, "Ningabakayihlo, udeveli," ngoba abakholwanga, leyonto embi kabi yokungakholwa.

18 Futhi uJesu wayenze imisebenzi eminingi emizini, futhi wathi kubo, "O, wena, Kapernawume, ophakanyiselwe eZulwini, uyokwehliselwa esihogweni: Uma imisebenzi yamandla yayenziwe kuwe. . .lokho—lokho okwenziwe kuwe, kwakwenziwe eSodoma naseGomora, ngabe limile kuze kube yilolusuku." Lokho kungakholwa okukhulu, ozazisayo, waphakanyiselwa eZulwini, ungcwele-ngcwele, lesosimo sokuziphatha. NoJesu wayenze imisebenzi yamandla eKapernawume, futhi babembize ngoBelzabule, inkosana yodeveli, futhi Wayebasola ngenxa yakho.

19 Futhi ngisho lokhu ngezinhlonipho: Bangane namaKristu, uma uNkulunkulu evumela lesisizwe sizedlulele, Angeke nje asivumele sizedlulele naleligagasi elibi kabi lesono elishanela isizwe sakithi, uma uNkulunkulu engasivumela siqhubeke ngendlela esiyiyo, ngaphandle kokwehlulela, khona-ke Yena enobulungiswa, uyodingeka avuse iSodoma neGomora, futhi axolise ngokubabhubhisa, ngegagasi elinjalo lesono lohlobo olufanayo.

20 UNkulunkulu akabheki izizwe noma abantu. Uyasithanda isoni, kodwa Uyasizonda isono. Futhi silahliwe, kumake nje lokho, nina engibona ukuthi nithatha amanothi, ukuthi ngikushilo. Akukho lutho olusalele iMelika kodwa ukwahlulelwa, yilokho kuphela, ngakho kulungeleni nje; kodwa iBandla lizobe selihambile ngaphambi kokuba ukwahlulela kufike, uNkulunkulu wakwethembisa.

21 Ukuba nje besinamaviki ambalwa ukuba sihlale kulezozinto ukuba sakhe kukho! Kodwa lalelani, uJesu wayeshilo ukuthi uma imisebenzi yayenziwe eSodoma eyayenziwe kulamadolobha, babeyophenduka.

22 Bese kuthi-ke, siyaqonda ukuthi uNkulunkulu kuyo yonke iminyaka ubeneziphiwo nezimanga Asebenze ngazo, ebiza a—abantu. Kuyo yonke iminyaka, ngokwangempela, uNkulunkulu ubenenceku, noma ndawondawo umuntu ngezinye izikhathi, Abengabeka isandla saKhe phezu kwakhe, noma abantu, Akakaze angabi naye ufakazi, futhi Akasoze angabi naye ufakazi inqobo nje uma kukhona umhlaba wokuba ufakaze.

23 Futhi Wayekade ebhekisela emuva osukwini, Wathi ekufundweni kwangaphambili, njengasezinsukwini zikaJona, umprofethi. Futhi Wayekhathazekile, ngoba babebize uMoya owawukuYe ngoBelzabule, lokho kusho ukuthi Wayenga—ngamandla amademoni, futhi uma nizoqaphela, ngoba Wayehlukanise imicabango yabo futhi wazi ukuthi babecabangani. Abazange baMbize ngoBelzabule ebusweni baKhe, babengesibo ngisho abanumzane abahloniphekile ngokwenele ukwenza lokho, bacabanga enhliziyweni yabo, noJesu wathi Wayibona imicabango yabo. Babecabanga ukuthi WayenguBelzabule, futhi bonke babephatheke kabi ngoba Akavumelananga nabo esayenseni yabo yezenkolo. Nabanye beza kuYe emva kwakho konke Ayekwenzile base bethi, "Sifuna isibonakaliso esivela kuWe."

24 Futhi Wathi, "Isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo sizofuna isibonakaliso, futhi akuzukubakho-sibonakaliso esinikwa lesisizukulwane esiphingayo, ngaphandle kwesibonakaliso sikaJona: Ngokuba njengoJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu; iNdodana yomuntu izolala enhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku."

25 Ngaphambi kokuba sifinyelele endikimbeni yethu, noma engifisa ukukusho, ngingathanda ukuhlola lesosicaphuno esivela eNkosini yethu. Babefuna isibonakaliso, futhi Washo ukuthi i—isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo siyofuna isibonakaliso. Futhi ngikholwa ukuthi iNkosi yethu yayibhekisele kulesisizukulwane.

26 Yonke imiBhalo inezincazelo ezimbaxambili, noma yimuphi umfundi uyakwazi lokho, isibonelo nje kuMathewu 3, ngenkathi Ethi, "Ukuze kugcwaliseke eGibhithe, Ngibize iNdodana yaMi." Uma uzobheka kwinkomba yalokho, kwakuyindodana yaKhe u-Israyeli, kodwa futhi kwakuphathelene neNdodana yaKhe uJesu; ImiBhalo inencazelo embaxambili.

27 NoJesu washo ukuthi isizukulwane esibi nesibuthakathaka, esiphingayo, siyofuna isibonakaliso. Manje ngifuna nilalelisise: Wathi bazokwemukela isibonakaliso, nalesosibonakaliso sizoba yisibonakaliso sokuvuka, ukuvuka: Ngokuba njengoJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu; iNdodana yomuntu ifanele ibe senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

28 Futhi ngenkathi uNkulunkulu enika uJona umyalo, futhi wehlela e—eNineve, wathola umkhumbi usalibele, ngakho akakwazanga ukuthola ithikithi lakhe nemali yakhe yokugibela, mhlawumbe, ezansi eNineve, ngakho wavele waya eTharishishi. Futhi bathola ukuthi wangena enkathazweni.

29 Ngicabanga ukuthi yileyo indaba ngebandla lamaKristu kulobubusuku, sisenkathazweni, sithathe umgwaqo

ongalungile, futhi uNkulunkulu akekho enkathazweni, yibandla elisenkathazweni. UNkulunkulu ufuna sonke sibe munye, ufuna sibe nenhlanganyelo omunye nomunye, ngenkathi iGazi leNdodana yaKhe, uJesu, lisihlanza kukho konke ukungalungi, kodwa sidweba izindonga ezincane bese sithi, "Qhabo, ngeke sibambisane nomhlangano onjalo. Qhabo, ngeke sakwenza lokhu, ngoba ibandla lethu alikho kukho." O, into encanyana ebuthakathaka kanje pho, njengezingane ezincane!

30 Futhi qaphelani, khona-ke umkhumbi uqala ukuyendezela, noJona wayesenkathazweni. Futhi babopha izinyawo zakhe nezandla zakhe, base bemjikijela ngaphandle komkhumbi, noNkulunkulu wayenenhlanzi enkulu yonke ilungele ukumgwinya. Bengihlala njalo nginozwelo olujulile ngoJona, wayesesimweni esibi kabi, nokho wayengumprofethi weNkosi.

31 Manje, noma ubani uyazi ukuthi inhlanzi izulazula emanzini izingela isisulu sayo. Futhi kuthi nje isidlile, iya phansi ekugcineni futhi iziphumuze nezigwedlo zayo phansi ekugcineni kwamanzi, echibi. Phakela izinhlanzi zakho ezincane ezisagolide bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani, izokwehlela ngqo phansi ekugcineni kwechibi, futhi lapho iziphumuze. Futhi nansi lenhlanzi emva kokuba isigwinye lomprofethi, ezansi ekugcineni kolwandle, amafatome amaningi ukujula.

32 Futhi ake siqaphele nje kulobubusuku, nina bantu enisezihlalweni ezinamasondo, nani enihamba ngezinduku zokuqhugela, futhi mhlawumbe uzizwa sengathi angeke uphile, asikaze singene kunoma yisiphi isimo njengoba uJona wayekuso: Indawo yokuqala, wayehlubukile, futhi wayeboshwe izandla zakhe nezinyawo zakhe, futhi wayesesiswini somkhomo, phansi le ekugcineni kolwandle, nesiphepho olwandle, uma wayebuka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo, uma wayebuka emuva, kwakuyisisu somkhomo, nxazonke kuye kwakuyisisu somkhomo.

33 Ukhuluma ngodaba oluhle lwezimpawu, uJona wayenalo; angicabangi ukuthi noma yimuphi wethu wayengaba nalolohlobo lwezimpawu. Kodwa niyazi ukuthi wathini na? Wayemazi uNkulunkulu, futhi wathi, "Kuyize kwamanga, angeke ngisho ngikubuke."

34 Ngokuba wayazi ukuthi ngenkathi uSolomoni enikela ithempeli likaNkulunkulu, ukuthi wakhuleka wayesethi, "Nkosi, uma abantu baKho besenkathazweni nomaphi, futhi babheke ngakulendawo engcwele futhi bakhuleke, khona-ke yizwa useZulwini." Futhi wayenethemba ngaphansi kwalezozimpawu ukuba ethembele emkhulekweni kaSolomoni, futhi wakholwa ukuthi uNkulunkulu wawuzwa umkhuleko kaSolomoni.

35 Nomkhomo wamthwala esiswini sawo izinsuku ezintathu nobusuku, futhi wamkhulula khona ngqo endaweni efanele.

UNkulunkulu wavele waphendula umkhomo wase emyisa ekugibeleni itekisi enqamula izwe, waze wasuka eTharishi waya eNineve. Futhi uNkulunkulu wamgcina ephila, ngoba wathi, "Angizukubheka izimpawu zami, ngizobheka ithempeli laKho elingcwele."

36 Futhi uma uNkulunkulu akwenza lokho, ngaphansi kwalezozimpawu nalesosimo, Uzokwenza kakhulu kangakanani, kulobubusuku, phansi kwalesi simo nezimpawu zethu, uma singezukubheka ethempelini elenziwe ngezandla zomuntu, kodwa ethempelini laseZulwini lapho uKristu ehlezi khona ngakwesokunene sikaNkulunkulu, enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu, Uzosikhulula kakhulu kangakanani na? Angizukubuka izimpawu zami, ngizobuka lokho uJesu akusho, ukuthi ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe, futhi ngiyakuvuma; ngokuba uNkulunkulu angenze lutho ngawe uze kuqala ukuvume. IBhayibheli kumaHeberu 3 lathi, "UngumPristi oMkhulu wezivumo zethu." Manje, iKing James inokuthi u*kuzisholo*, kodwa *ukuzisholo* no*kuvuma* kuyinto efanayo. Angenze lutho uze kuqala uvume ukuthi Ukwenzile, futhi ukwamukele njengempahla yakho siqu.

37 Awukwazi ukusindiswa ngokushaya e-altare, noma awukwazi ukusindiswa ngokukhokha izishumi zakho, noma ukugcina izinsuku ezithile, noma ukudeda enyameni, awusindiswa ngalokho, nisindisiwe ngokukholwa, futhi lokho ngomusa kaNkulunkulu. Ufanele ukwemukele kuqala, futhi ukukholwe njengempahla yakho siqu, khona-ke usindisiwe; indlela efanayo ngokuphulukisa.

38 Ngakho kulobubusuku, asibuke kude nezimpawu zethu, futhi sikhumbule ukuthi uNkulunkulu usaphila, nesithembiso saKhe siseyiqiniso. NoJesu uhlezi ngakwesokunene soMkhulu eZulwini ukwenza ukunxusela njengomPristi oMkhulu kunoma yini oyivumayo ukuthi Ukwenzele yona eyayisezibusisweni zokuhlenga. Uma lokho kungelula, lapha ingane encane engumfana noma intombazane ibingaqonda. Uhlezi njengomPristi oMkhulu ukwenza ukunxusela phezu kwanoma yini elungile ukuthi uMcele.

39 Futhi Wathi kuMarku 11:24, "Noma yini eniyifisayo, lapho nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela, futhi niyakuba nakho." Noma ngabe kuyini, khuleka futhi ukholwe ukuthi uyakwemukela manje, inkathi yamanje, futhi uyakuphiwa khona. Ungaba nakho uma uzokukholwa lapho ukucela, ngoba ngokushesha, phambi kukaBaba, Uya emsebenzini ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwakho, lokho kuyakuxazulula; yingalesosizathu abantu bephulukiswa behlezi nje bezungezile emhlanganweni. Akuthathi umvangeli okhethekile ukuba afike, kuthatha nje ukukholwa kwakho kuKristu Owenele Konke, noKristu osezindaweni zonke, Osendaweni zonke, nomaphi,

ukuthi uzoMbiza, Ulapho ukuhlangabezana nezimo, uSizo olukhona impela ngesikhathi senkathazo.

40 Khona-ke uJesu wabhekisela osukwini lukaSolomoni. Futhi uNkulunkulu eminyakeni, lapho Enika abantu baKhe izipho, uma lesosiphiwo senqatshwa, lesosizwe siyonakaliswa, lesosizukulwane siyabhubha; kodwa uma kwe—uma kwemukelwa, khona-ke lokho ngu—ngukuphila okukhulu kwabantu. Futhi Wayebhekisele esiphiweni sikaNkulunkulu esafika ngezinsuku zikaSolomoni.

41 Manje, uNkulunkulu wanika uSolomoni isiphiwo, futhi sonke siyazi, nina enifunda iBhayibheli, ukuthi lowo kwakungunyaka wegolide ka-Israyeli, kaSolomoni. Futhi kwathi nje bangabona lesosiphiwo sisebenza kuSolomoni, bebona lawomandla amakhulu okubona okufihlakele, abantu bonke babuthana ngakuye. Futhi akunandaba ukuthi wathini, bakwenza, ngoba bamkholwa, futhi bamkholwa ukuthi uyinceku kaNkulunkulu, noNkulunkulu uzofanele akuhloniphe lokho. Futhi akunandaba ukuthi uNkulunkulu wenzani, uma ungezi ngenhlonipho esiphiweni saKhe, awusoze wemukela lutho kuso.

42 Ukuba-ke uMarta noMariya...? Ngikholwa ukuthi kwakunguMarta, ngenkathi egijima eyohlangabeza uJesu, kubonakala sengathi, wayenelungelo lokuMthethisa, Wayemshiyile, nomfowabo wayefile, futhi nokho engezi ekubizeni kwakhe, Wavele nje akangakunaka futhi waqhubeka. Kodwa ngenkathi eyobona Yena, kubonakala sengathi, wayengathi, "Awuzanga ngani, ngenkathi ngiKubiza na?" Ukuba wayesho lokho, wayengeke akuthole ayekucelile. Kodwa wahamba ngezinhlonipho, wayesethi, "Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga. Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzokunika yona."

43 Yileyondlela okufanele kufike ngayo. Kufanele kufike, ngenxa yokuthi yinhlonipho yakho. Wayekuhlonipha, wayazi ukuthi owesifazane waseShunemi waya ku-Elisha futhi wathola ayekufisa, futhi wayazi uma uNkulunkulu wayekumprofethi u-Elisha, impela, WayeseNdodaneni yaKhe, uJesu.

44 Esikhathini esithize esedlule, kwakukhona owesifazane owathi kimi...ongowebandla lehlelo, ongakholwa ukuthi—ukuthi uJesu wayengaphezu komprofethi. Mngane, Wayengaphezu komprofethi, kuphakathi kokuthi WayenguNkulunkulu, noma umkhohlisi omkhulu kunabo bonke lelizwe eselake laba naye, WayengonobuNkulunkulu. Nalona wesifazane othize wathi kimi, "Mnu. Branham, uqhosha kakhulu ngoJesu engonobuNkulunkulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu, futhi angikwazi ukuqhosha ingxenye ngokwenele ngaYe."

Wayesethi, "Uma ngizofakazisa kuwe ngeBhayibheli, ukuthi Wayengesuye onobuNkulunkulu, uzokwemukela na?"

Ngathi, "Impela, uma iBhayibheli lasho njalo, kodwa angikholwa ukuthi ungakufakazisa ngeBhayibheli."

45 Futhi wathi, "KuJohane oNgcwele isahluko 11, iBhayibheli lathi ngenkathi ehlela ethuneni likaLazaru, wakhala izinyembezi." Wathi, "Uyabo, wayengeke abe ngaphezu komuntu bese-ke ekhala izinyembezi."

46 Ngathi, "Dadewethu, impikiswano yakho izace kakhulu, Wayeyikho kokubili uNkulunkulu nomuntu. Futhi ngenkathi Eya ethuneni likaLazaru, Wakhala njengomuntu, kodwa ngenkathi Ema futhi wadonsa uhlaka lwaKhe oluncane ndawonye, wayesethi, 'Lazaru, phuma,' futhi umuntu owayesefe izinsuku ezine wama ngezinyawo zakhe wabuye waphila, lowo wayengaphezu komuntu."

47 Wayengumuntu ngenkathi Ehla entabeni, wayelambile, efuna into angayidla kulesosihlahla, kwakungumuntu ngenkathi Elambile, kodwa kwakungaphezu komuntu ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu namaqatha amabili enhlanzi futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lowo wayengaphezu komuntu.

48 Wayengumuntu ngenkathi amandla ayesehambile kuYe usuku lonke, futhi Walala ngemuva komkhumbi omncane, namagagasi, lapho odeveli abayizinkulungwane eziyishumi bolwandle bafunga ukuthi babeyoMminzisa, futhi Yena elele futhi wakhathala, Wayengumuntu, kodwa ngenkathi Ebeka unyawo lwaKhe entanjeni yesikebhe, wabheka phezulu wayesethi, "Thula uthi du," nemimoya namagagasi kwaMlalela, lowo wayengaphezu komuntu.

49 Wayengumuntu ngenkathi Ekhalela umusa eKalvari, kodwa Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu ngenkathi Ephula izimpawu, futhi wavuka ethuneni, futhi waZimemezela ukuthi ungukuVuka, WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, uNkulunkulu kuYe.

50 Nokuthi uMarta, wakuhlonipha lokho futhi wakukholwa; futhi ngezinsuku zenyama yaKhe emhlabeni, abaningi babekuhlonipha futhi bemukela umvuzo waKhe. Kodwa Wayetshela lababantu ngabanye abantu abakhulu abeza emhlabeni, nokuthi bakuhlonipha kanjani nokuthi banani, nalabo abakwalayo, ukuthi banani.

51 Futhi manje, ngezinsuku zikaSolomoni uNkulunkulu wayenikeze lesisiphiwo, nawo onke amabandla abuthana ngakuye, izindaba kufanele ukuthi zashanela kuwo wonke amazwe.

52 Futhi ngiyamangala nje, ngalolu izinsuku zokugcina lapho uMoya oNgcwele wehla, nezimvuselelo ezinkulu

zishaya isizwe njengoBilly Graham, noJack Shuler, no-Oral Roberts, nabaningi balabo bavangeli abakhulu, noNkulunkulu enza izibonakaliso ezinkulu nezimanga phambi kwabantu, bekungeke yini kumangalise uma bonke bebengahlanganisa izinhliziyo zabo futhi babuthane ngakulokho na? Ngani, lonke izwe liyoza kuKristu esikhathini esingangonyaka noma ngaphansi! Kodwa nje sihlukana ngokwehlukana, futhi inqobo nje uma bedubulana, uSathane angavele ahlale emuva futhi abadedele bathulule izibhamu zabo. Ngakho uma singahlangana ndawonye, futhi sihlanganise izinhliziyo zethu ndawonye, imizamo yethu ndawonye, neminako yethu ndawonye, sizofika ndawondawo.

53 Ngakho basihlonipha lesosiphiwo esikhulu sikaSolomoni, uNkulunkulu ayesinike uSolomoni. Futhi nangu wayesethempelini enza izinto, nabantu, bonke abedlulayo bafanele ukuthi bacabanga, "O, lena yinto enkulu!" Futhi wonke umuntu, akekho okhuluma ngokumelene nakho, wonke umuntu uhambisana nakho, bathi, "UMfowethu uSolomoni, uNkulunkulu umnike isiphiwo esikhulu, futhi o, ufanele uze futhi usibone!" kubo bonke abantu abadlulayo. Nezindaba zasabalala ndawo zonke.

54 Futhi ezansi le ungene eNingizimu, ezweni laseSheba, indlovukazi encane ezansi lapho, encane, indlovukazi engumhedeni, wonke umuntu ngokubonakalayo ufika endaweni yakhe ubengathi, "Ufanele ubone izinto ezinkulu eyenzekayo kwa-Israyeli. Ezinkulu, izimanga ezinamandla zenziwa yindoda enesiphiwo esivela kuNkulunkulu wabo, enye egama linguSolomoni. O, ukuhlakanipha kwakhe akuqhathaniseki, ukubona kwakhe okufihlakele kuphelele, akwehluleki neze, uphelele nje kukho."

55 Niyazi, ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu. Futhi niyazi, iBhayibheli lasho ukuthi singusawoti womhlaba. Futhi uma usawoti, usalokhu unokunonga kuwo, futhi uyaxhumana, uyisinongo, kodwa uma usawoti edumele, uma ubufakazi bethu bungavamile kakhulu, futhi ngolunye usuku siphezulu, ngosuku olulandelayo siphansi, futhi ngalolusuku siyakholwa, ngosuku olulandelayo asikholwa, umuntu oyisoni angathola kanjani noma yini kithi na? Niyabo? Sifanele sithathe isinqumo sethu sokumela uNkulunkulu futhi lapho sihlale kuze kube yilapho ukufa kusikhulula.

56 Futhi lendlovukazi encane izwa lokhu, yathi, "O, angazi noma lokho kuyiqiniso ngempela yini!" Ngakho ekugcineni, yanquma engqondweni yayo ukuthi yayizohamba futhi izibonele yona. Ngiyakuthanda lokho, ungathathi nje izwi lomuny'umuntu ngakho, woza, uzitholele wena, njengoba kwenze uNathanayeli izolo kusihlwa emlayezweni wethu.

57 Ngakho lapho ukushisekela kuqala ukumsondeza, isikhathi

siyafika lapho esehlele ukuthi wayehamba. Manje khumbulani, yayinenqwaba yokuphikisana nayo. Yayingumhedeni, futhi ucabanga ukuthi umbhishobhi webandla layo lobuhedeni wayeyothini, uma yamtshela ukuthi yayenyukela kwelinye izwe ukuyozwa omunye umshumayeli na? Ucabanga ukuthi kwenzekeni na? Manje, yayinakho konke lokho ukuba ibhekane nakho. Awu, mhlawumbe uphapha webandla layo, noma umbhishobhi othize, noma okuthize kwalaba, kwamathempeli ayo, ubeyothi, "Manje umzuzu nje, Ndlovukazi, uzokonakalisa isizwe sakithi sonke uma uya lapho."

58 Kodwa, niyazi, kukhona okuthize ngakho, ukuthi lapho uNkulunkulu ekhuluma enhliziyweni, akukho okungakuvimba ekutholeni ukuthi yini ebizayo lapho uNkulunkulu eyobiza. Futhi yayithi kumpristi, ngiyacabanga, "Banumzane, ngiyenyuka nje ukuba ngizitholele mina. Lapha silapha sikhonza isigejane esidala sezivumokholo ezifile esidluliselwe kithi, futhi asiboni lutho olunye kodwa isayense yezenkolo ethize nokunye okulotshiwe kwezinye izibhebhe, noma okuthize, kodwa bangitshela ukuthi uNkulunkulu wabo ungokoqobo futhi Uzibonakalisa ngqo phambi komphakathi."

59 Ngiyaluthanda lolohlobo lukaNkulunkulu, hhayi uNkulunkulu womlando, uNkulunkulu oyinkathi yamanje, uNkulunkulu onguye izolo, namuhla, naphakade. Ayeyikho izolo, Unguye namuhla ngandlela zonke.

60 Futhi yathi, "Ngifuna ukuhamba ngiyothola."

"Awu, uma uhamba, sizokuxosha."

"Awu, nawe lungiselela nje, ngokuba ngiyahamba, noma kanjani."

61 Ngakho yathi, "Manje, uma ngihamba, futhi ngithola ukuthi kuyiqiniso, khona-ke kunento eyodwa engizoyenza: Ngizokwesekela ngakho konke enginakho." Ngakho yathwesa amakameli ngegolide, nenhlaka, namakha, nezinto ezibizayo. Kodwa kuqala, yazigcina izipho zayo kuze kuba yayizothola ukuthi ngabe kwakuyiqiniso noma qha, noma ngabe nje kwakungumaceba ngelanga omncane, noma uhlobo oluthile lwamadlingozi olwavukayo. Yayifuna ukwazi ukuthi ngabe kwakuyiqiniso yini. Uma zonke lezizinto eyayizizwile ngezwi, uma zazibonakaliswa futhi zafakazisa ukuthi ziqinisile, khona-ke yayihambisana nakho.

62 Lokho ngokuhle, ukusondela okusile. Uma iZwi lisho njalo, noma into ethize ethenjisiwe, nalesosithembiso sigcinwa, khona-ke akukho okungashiwo, kodwa ufanele ukholwe, noma ujikiswe, uhlukaniswe.

63 Qaphelani, futhi yathwesa amakameli ayo, futhi yalungiselela yonke into ukuba ihambe. Futhi manje khumbulani, yayinohambo olude phambi kwayo, yayingadingekile nje ukuba ivele ngapheseya kwedolobha,

yayidingeka ihambe cishe izinyanga ezintathu inqamula ugwadule oluvuthayo; linganisa ibanga ukusuka ePalastine ezansi lapho. Futhi yayingenayo iCadillac efakwe isishayisamoya, futhi, noma enye inqola enkulu enesishayisamoya ukuba ingene kuyo, kodwa yadingeka ihlale emhlane wekameli, kodwa uma inhliziyo yayo, into ethize phakathi lapho yayibiza, isendleleni yayo kungakhathaleki ngesimo.

64 Futhi uma uNkulunkulu ubeyokhuluma kuwe kulobubusuku ukuthi Ukhona, futhi UnguNkulunkulu okuphulukisayo, akekho ongakuxoxa akukhiphe kukho. Futhi uma Ehlebela isoni ukuthi "Usindisiwe, futhi NgiinguMsindisi wakho," abekho odokotela abenele besayense yezenkolo ezweni ukukuchaza bakususe kuwe, uya*kwazi*. Lonke ikholwa linesihlabathi esingcwele, noma ingemuva logwadule, lapho elingabeka khona umunwe walo: "Lapho ngahlangana noNkulunkulu." Uma nje kuyisayense yezenkolo, bangakuchaza bakususe kuwe, kodwa bangeke lapho usube nalesosehlakalo sokuhlangana noNkulunkulu nempilo yakho isiguqukile.

65 Ngakho kukhona okwakwenzekile kuyo, utwa lwalubiza utwa. Futhi uma utwa lubizana notwa, kuzofanele kubekhona utwa lokusabela kulo. Njengoba uDavide athi, "Emlonyeni wezimpophoma zaKho, umsindo wezimpophoma zaKho," njalo. Uma kukhona utwa phakathi *lapha* lubiza, kuzofanele kubekhona utwa lokusabela kulo. Ngaphambi kokuba kubekhona isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakufanele kube namanzi kuqala ayo ukuba ibhukude kuwo ukusebenzisa lesosigwedlo, kungenjalo yayingeke ibe nesigwedlo. Ngaphambi kokuba kubekhona isihlahla ukuba simile emhlabeni, kwakufanele kube nomhlaba kuqala ukuba simile kuwo, kungenjalo kwakungebebikho-sihlahla.

66 Yikuphi okwaba ngokokuqala, isoni noma uMsindisi na? Yikuphi okwaba ngokokuqala, ukugula noma uMphulukisi na? Malibongwe iGama laKhe eliNgcwele! Wayengowokuqala! Kwakukhona uMsindisi ukuZizwakalisa, futhi yingakho Ekuvumela kwenzeke ukuba Azikhulise ezikhonzini zaKhe, ukuzazisa ukuthi Ukhona.

67 Qaphelani, lapha esikhathini esithize esedlule, ngafunda isiqephu ephepheni, lapho umfana omncane edla khona amarabha epensela esikoleni, nothisha wathumela izwi kunina futhi wamtshela ngakho. Futhi ngolunye usuku, okwamangaza umama, umfana omncane wayephandle egosini elingemuva edla isitibili sebhayisikili. Ngakho washaqeka, futhi wathola umfana omncane futhi wamehlisela emtholampilo, nodokotela bamnika ukuhlolwa, futhi bathola ukuthi imigudu yokuphila yakhe emncane yayidinga isibabule. Manje, isibabule sitholakala erabheni. Manje, niyabo, ngaphambi kokuba kubekhona ukulangazelela isibabule, kwakufanele kube nesibabule

ukuphendula kulokho kulangazelela, kungenjalo wayengeke abe nokulangazelela.

68 Futhi ulapha kulobubusuku, ngoba uyakholwa ukuthi ukhona uNkulunkulu ongaphulukisa. Futhi ngaphambi kokuba kubekhona okudaliweyo, kuzofanele kube noMdali ukudala lokho okudaliweyo. Futhi sona impela isizathu sokuthi ulapha, yisibonakaliso sokuthi kukhona uMthombo ovulekile ndawondawo, kungenjalo ubungeke ube nesifiso sokuza, Into ethize iyadonsa, NguMdali, uNkulunkulu, ezama ukukuletha eBukhoneni boBuyena baKhe, ukuze niqonde ukuthi ngukulunga kwaKhe nesihawu kini.

69 Futhi KwakunguNkulunkulu ofanayo Owakhuluma nendlovukazi encane ukuyazisa ngobuqotho benhliziyo yayo ukuthi WayenguNkulunkulu. Futhi yayinqume ukuhamba, kungakhathaleki ngezindleko. Futhi yayazi-ke ukuthi yayizo—yayizokwesekela. Yileyondlela, uma kulungile, kwesekele; uma kungenjalo, ungazihlanganisi ngalutho nakho. Ngakho yathwesa amakameli. Futhi enye into eyayifanele ibhekane nayo, nawo wonke lowomcebo, yayifanele inqamule ugwadule.

70 Manje cabangani nje izinyanga ezintathu ogwadule, nabanye abantu eHartford, ngeke beze ngapesheya kwesitaladi ukuzobona okufanayo. "O, lina kakhulu," noma "Ibandla lami alibambisani." Kuzoba njani ngoSuku lokwaHlulela lapho leyondlovukazi encane ima nawe na? Kuzoba njani lapho uSolomoni ema, futhi lapho uJona ema, nayo yonke iNineve eyaphenduka ekushumayeleni kwakhe na?

71 Uma niqonda umlando omncane, unkulunkulu waseNineve wayengumkhomo, futhi ngenkathi umkhomo ukhuphula umprofethi ngqo ngaphambi kwabadobi, futhi wamkhafulela ogwini: isimangaliso. Inqwaba yezinto yenzeka ngesikhathi esifanele, kwakuyintando kaNkulunkulu ukuthi uJona wehlela lapho kanjalo, Wadingeka akhombise isimangaliso.

72 Futhi yilokho Akwenzayo manje, ekhombisa isimangaliso. Ukuvuka kweNdodana yaKhe, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye Uhlala efana, nesizukulwane esibi nesiphingayo siyakubona. Bazoba yini ngoSuku lokwaHlulela, lapho labo baseNineve, ababengasazi isandla sokudla nesokunxele, baphenduka ngokushumayela kukaJona na? Kukhulu kangakanani manje na?

73 Futhi indlovukazi encane, yaqala ukuhamba . . . Manje enye into, yayinawo wonke lowomcebo, nabantwana baka-Ishmayeli wayesogwadule, futhi babengabaphangi. Ukuhleleka okunje pho! Ngani, babeyothatha, leloqembu elikhulu labagibeli abahamba ngezinyawo nemikhonto yabo, futhi bagibele enqoleni-eyindlwana yakhe encane lapho futhi bababulale, futhi babe nawo wonke lowomcebo ube ngowabo yayifanele ibhekane nalokho.

74 Manje, awunakho lokho okumele ubhekane nakho ukuza unqamula isitaladi, noma ngasedolobheni, noma kwenye indawo eseduze, akukuthathi izinyanga ezintathu, udabule ogwadule olushisayo, oluvuthayo, uhlezi emhlane wekameli. Manje kubo bonke ubuqotho, ngiyamangala kulobubusuku, bangaki abakhona, abebengathatha lolohambo olufanayo na? Kucabangeni.

75 Kodwa wakwenza, engumhedeni, futhi ezwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ophilayo Owayeveze isiphiwo emhlabeni, uza ukuzobona isiphiwo sikaNkulunkulu sisebenza ngomuntu. Futhi yasuka yahamba ohambweni lwayo, ishiya abangani bayo, umpristi wayo, konke ngemuva kwayo, ngoba uNkulunkulu wayedonsa enhliziyweni yayo. Akumangalisi uJesu athi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi."

76 Yonke iHartford ayiyikusindiswa; kuyobakhona izigidi zamalunga ebandla, emhlabeni jikelele, azobhubha nje nezwe. Manje khumbulani ukuthi uNkulunkulu ukhethe ukuthi abanye bazosindiswa, futhi awekho amandla enele esihogweni ukubavimba ukuba beze kuJesu. NoNkulunkulu uzoZibonakalisa ngokufanayo nje. Uzibonakalisile Yena uqobo . . . Umhlaba wonke unethuba, kodwa bangeke balemukele, uJesu washo njalo, "Isango lincane eliholela ekuPhileni, ibanzi indlela eya ekubhujisweni, futhi baningi abazongena, futhi bayingcosana lapho abazosindiswa. Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nasemihleni kaLoti, kuzakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Akukho okungakwephula lokho. Okushiwo, futhi NguNkulunkulu futhi KuyiZwi laKhe, liPhakade nje njengoba Enjalo.

77 Manje, nansi iza, futhi ayifikanga manje, ithi, "Ngiyawela futhi ngihlale imizuzu eyishumi, futhi uma ngingayithandi indlela uMshumayeli uSolomoni ashumayela ngayo, ngizosukuma futhi ngiphume. Uma esho noma yini ephambene nesayense yethu yezenkolo, ngizoshiya, ngeke nje ngime futhi ngikulalele." Lokho bekuyoba ihumusho lika 1958 lakho. "Ngizobona uma esho noma yini ephambene nezivumokholo zethu." Ayikushongo lokho.

78 "Angikwazi ukuhamba ngaphandle kobusuku obubodwa, ngoba sifanele sibe nephathi yamakhadi, futhi sizofanele sihlele kulobubusuku ukubona . . . " Iyini leyothelevishini na? U*We love Susie*, noma into efana naleyo.

79 Ungathini nje abantu abanhliziyo zilambile behlala ukuba babukele ubuphukuphuku obunjalo njengalobo, no-Arthur Godfrey, no-Elvis Presley, futhi bazibize ngamaKristu, futhi balalele umbhedo onjalo na? Kukhombisa okusenhliziyweni yakho. IBhayibheli lathi, "Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini."

80 Qhabo, yafika, hhayi ukuhlala nje ihora, noma enkonzweni yobusuku obubodwa, yenza ikamu layo, futhi yahlala lapho yaze yeneliseka. Ngiyakuthanda lokho. Ifikela ukuzohlala kuze kuphele. Yavele yaletha izincekukazi zayo nakho konke, yavele yagxumeka ikamu futhi yahlala lapho. Sengiyayibona phandle emagcekeni, futhi bathi, "Uzoba nini umhlangano olandelayo na?"

"Uphelile nje kulobubusuku, Ndlovukazi."

"Kodwa uSolomoni, awu, ngabe ungongcwele na?"

"Qhabo, ungumuntu nje."

"Ngabe ungcwele na?"

"Qhabo, kukhona uNkulunkulu oNgcwele osebenzana naye."

"Awu, ngingathanda ukubona ukuthi ungubani."

"Yana emhlanganweni nje ekuseni, uzombona."

81 Futhi sengiyayibona indlovukazi encane izitholela isihlalo yase ihlala phansi, noSolomoni waphuma. Futhi bonke abantu nxazonke babekhuluma, "O, kuyinto encane, ufanele ubone uNkulunkulu wethu esebenza ngomfowethu."

82 Bekungeke yini kumangalise lokho ukuba nebandla elinjalo na? Bekungeke yini kumangalise lokho ukuba ngisho nesizwe sakithi sisebenza ndawonye ngokuzwana, futhi sazi ukuthi uNkulunkulu wethu usaphila, ubusa ngokufanayo nje njengoba Wayelokhu enjalo, enza izinto ezifanayo na? Izizwe ndawo zonke ziyogeleza zingene lapha. Futhi yingalesosizathu sinobukhomanisi (Ngiyabadabukela.), kungenxa yobuthakathaka bamabandla eRashiya okwenza ubukhomanisi buchanyuselwe.

83 Ohlezi khona kulesisakhiwo kulobubusuku, ngiyakholwa, uNkk. Isaacson, umhumushi wami ongumFinishi, owayelapho eFinland ngenkathi kuvela umbono, nalowomfanyana wavuswa kwabafileyo, elele eceleni komgwaqo, umbono owashiwo eminyakeni emibili ngaphambi kokuba kwenzeke. Futhi ngalobobusuku ngenkathi izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu eMessuhalli bese-ke ekhipha lezozinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu, angikhulume kwezinye izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu, ngenkathi ngehla ngesitaladi, nakho kumi amasosha aseRashiya, futhi ngenkathi ngedlula, elincane, isosha laseFinland lizama ukungivikela esixukwini futhi ngifike eMessuhalli, ama nokubingelela kwamaRashiya nezinyembezi zehla ezihlathini zawo, futhi athi, "Sizokwemukela uNkulunkulu onjalo." Impela, uNkulunkulu wamandla, kodwa izivumokholo zawo azingaphezu kwezivumokholo zethu.

84 Futhi ngabona ngamehlo ami uqobo amasosha aseRashiya egaxa amasosha aseFinland futhi embambathana emhlane,

futhi bange eceleni kwentamo, futhi babizane ngomfowethu. Futhi noma yimaphi amandla azokwenza umRashiya nomFini bagonane azoxazulula izimpi kuze kube phakade; lowo ngumbuzo, uKristu uyimpendulo. Awusoze wakwenza ngokudlulisa izincwajana noma ukufundisa isayense yezenkolo, kuyoba ngamandla okuvuka kwaKhe azofakazisa kubo ukuthi uKristu usaphila.

85 Yeza ukuzobhekisisa, sengathi ngiyabona nje ngaphambi kokuba inkonzo iqale, ukwethuka kwendlovukazi encane, iqala ukuzibuza, "Manje, angikhathali ukuthi kwenzekani, ngizohlala izinsuku eziningana. Ngizohlala ngize ngithole ukuthi ngabe kuyikho ngempela noma qha. Ngeke ngidonse umcabango wami, mhlawumbe, okokuqala, khona-ke mhlawumbe kukhona okuzokwenzeka kulokhu ukusa ukuthi ngingahle ngingaqondi nje, kodwa ngizobuya futhi, ngizohlala kuze kuphele inkonzo, ngizobhekisisa yonke into."

86 Futhi ngenkathi izehlakalo zilethwa phambi kukaSolomoni, noMoya kaNkulunkulu wawulapho ukwehlukanisa lolodaba, lowo wesifazane omncane wabhekisisa, walinda, futhi lapho eseneliseke ngokugcwele, wasukuma ngokunye ukusa, futhi wathi, "Konke engikuzwile bekuyiqiniso, futhi ngaphezu kwalokho engikuzwile bekuyiqiniso; ngokuba ngibone okungaphezu kwalokho noma ubani ake afakaza ngakho."

87 NoJesu wathi iyovuka ngoSuku lokwaHlulelwa, futhi isilahle lesisizukulwane sabapristi nabantu abaya esontweni. Futhi i. . . uJesu washo lokho ngayo kulesosizukulwane, izovuka kakhulu kangakanani-ke namhlanje leyondlovukazi esizukulwaneni esiphila kuso, futhi isilahle lesisigejane sabantu abaya esontweni ubani obengahleka futhi abize uMoya kaNkulunkulu ngokufunda ingqondo, noma okuthize na? O, amahora abucayi kanjani esiphila kuwo!

88 Futhi manje ngifuna nikhumbule: uJesu wethembisa ukuthi isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo siyokwemukela isibonakaliso esisodwa, naleso kuyoba yisibonakaliso sokuvuka, iBhayibheli liyakusho lokho. Futhi kuyini ukuvuka na? UJesu Kristu, ukuMmemezela ukuthi unguye izolo, namuhla, naphakade, ukwenza into efanayo Ayenza, noma ukubizwa ngento efanayo Ayeyiyo, uMoya kaNkulunkulu uyinto engcolile, obekuyolahla isizukulwane sabangakholwayo, futhi isindise isizukulwane esakholwayo.

89 Labo abahleka imvula kaNowa iza, imvula yaminzisa izwe elibi futhi yasindisa uNowa; uMoya ofanayo namhlanje izwe eliwubiza ngobuhlanya, nolunye uhlobo lwegama likadeveli elibethelwe ngesipikili ebandleni, bethi bayisigejane sabangafundile, "HR," abagingqiki abangcwele. Ngike ngagwedla izilwandle eziyisikhombisa futhi ngahamba zonke izizwe emhlabeni cishe, futhi angikaze ngimbone umgingqiki

ongcwele. Ayikho into enjalo, yigama udeveli aliqhasele eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, isichuse kuphela.

90 Usibekaphi isichuse na? Esihlahleni sama-aphula amuncu na? Izinyoni mazibe nalokho. Kodwa isichuse singasesihlahleni esihle esinenani. Futhi uNkulunkulu unoMuthi oligugu, leyo yiNdodana yaKhe evukile Emi phakathi kwethu kulobubusuku, emandleni kaMoya oNgcwele, ukwenza futhi yenze lokho Eyakwenza ngenkathi Ilapha emhlabeni. Lelo yiZwi laKhe, isithembiso saKhe.

91 Sizokwenzenjani, lapho sifika na? Ngabe sizoma futhi sithathe indawo yethu njengamakholwa uma Izokwenza njengoba Yenza na? Uma Izosikhombisa, njengoba ngishilo izolo kusihlwa, isibonakaliso esifanayo Eyasifakazisa kubo, YayinguMesiya, uma Izokwenza imisebenzi efanayo, ukuze izwe lingathi ngudeveli, noma into efana naleyo, ukubalahla ngecala nokunisindisa, angazi noma besingama yini, sithathe isikhundla sethu naYo.

92 Esikhathini esithile esedlule, ngapesheya kweMelika enkulu, cishe eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, kwakukhona umvangeli, futhi ngiyavala, negama lakhe kwakunguDaniel Green. Waphupha ngobunye ubusuku ukuthi wafa, futhi wenyukela eZulwini, futhi lapho efika esangweni, umlindi uyaphuma, wayesethi, "Ungubani wena, osondela kulelisango na?"

Wathi, "NginguDaniel Green." Wathi, "Ngangingumvangeli omkhulu waseMelika, ngasiza ukusindisa izinkulungwane zemiphefumulo."

Wathi, "Umzuzwana nje, mnumzane." Wangena, wabheka eNcwadini, wathi, "Anginalo igama lakho, Mnu. Green."

"O," wathi, "impela, unalo igama lami!"

Wathi, "Qhabo, alikho lapha."

Wathi, "Awu, ngingenzenjani na?"

Wathi, "Ungahle uledlulise udaba lwakho liye ekwaHlulelweni kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe esiKhulu uma ufisa. Yilelothemba kuphela onalo."

Wathi, "Awu, uma lelo kuyilona kuphela ithemba lami, ngifanele ngilithathe."

93 Futhi wathi wazizwa enyakaza, futhi wahamba wadabula emkhathini isikhathi esithile. Emva kwesikhashana kuqala ukukhanya, kuya ngokukhanya, kuya ngokukhanya, futhi kwaKhanya kakhulu, uqala ukuhamba kancane, futhi, ekugcineni, ufika ekumeni ngqi, kwakungekho ndawo ethize ukuKhanya okwakuvela kuyo, kodwa nje Kwakukuyo yonke indawo. Futhi wezwa iPhimbo. . . Wathi, "O, indawo enje pho yokuma kuyo!"

Futhi wezwa iPhimbo lithi, "Daniel Green, Ngiyezwa ukuthi wedlulise udaba lwakho eNkantolo yaMi yokwaHlulelwa."

Wathi, "Yebo, Nkosi, ngiledlulisile udaba lami ebulungisweni baKho."

Wathi, "Ngizokwahlulela-ke ngokwemithetho yaMi." Wathi, "Daniel Green, wake waqamba amanga ngenkathi usemhlabeni na?"

Wathi, "Ukuba bengicabange ukuthi bengiyinoma yini, bengiyoba yindoda eneqiniso." Kodwa wathi, "EBukhoneni balokho kuKhanya, ngibonile lapho engisho khona izinto eyayingalungile." Wathi, "Yebo, Nkosi, ngi—ngikwenzile, ngaqamba amanga."

Wathi, "Khona-ke Daniel Green, wake weba na?"

Wathi, "Bengicabanga ukuthi bengithembekile, kodwa eBukhoneni balokho kuKhanya okukhulu, ngibone okuningi okuncane, ukuhwebelana okungathembekile engikudonsile." Futhi kanjalo nawe nami.

94 Kungahle kube kuhle uhlezi lapha kulelihholo lesikole, kungahle kube kahle phandle lapho ebandleni lakho, kodwa eBukhoneni balokho kuKhanya kuzoba nezinto ozikhohliwe isikhathi eside zizovela phambi kwakho. Kuyobakhona izikhathi ezincane lapho uthi, "Lesosigejane sabagingqiki abangcwele, angizukuzihlanganisa ngalutho nabo!" Wakukhohlwa kudala, kodwa kusekhona, kuyaqhubeka. "O, ngikholwa ukuthi ngumbhedo, ngikholwa ukuthi ngukufunda ingqondo." Kuyohlangana nawe eNkantolo yokwaHlulelwa. Impela kuyokwenza. Indlela oMehlulela ngayo, uyokwahlulelwa lapho.

95 Wayesethi-ke, "Kwavela iPhimbo lase lithi, 'Daniel Green, ngabe wawuphelele ngenkathi usekuphileni na?"

"O," wathi, "qhabo, Nkosi, bengikude ekubeni ngophelele."

96 Wathi, "Ngangilindele ukuzwa ukuqhuma kuvela, 'Suka kiMi, wena soni esibi kabi!'" Futhi wathi, "Ngezwa sengathi onke amathambo kimi ayehlukana, futhi ngangilalele ukuzwa lokho kuqhuma okukhulu, nokuzibona ngicwila esihogweni sikadeveli."

97 Wathi, "Ngezwa iPhimbo elimnandi kunawo onke engake ngalizwa empilweni yami." Futhi wathi, "Ngenkathi ngiphenduka ukuba ngibuke, ngabona ubuso obuhle kunabo bonke engake ngabubona." Wathi, "Akukho-phimbo likamama noma ubuso obungake bubukeke bumnandi kangako." Futhi wathi, "Wenyukela eduze kwami wase engigaxa ngengalo yaKhe, futhi Wathi, 'Baba, lelo yiqiniso, uDaniel Green wayengaphelele emhlabeni, kodwa yinye into ayenza: Ngenkathi esemhlabeni, waNgimela, futhi manje Lapha Ngizommela.'"

98 O Nkulunkulu, makube yimi lowo kulobubusuku, kuwo onke amaphutha ami nakho konke, mangimele Yena, ngokuba ngaloloSuku ngiyoMdinga ukuba angimele.

99 Ngiyazibuza, kulobubusuku ukuba ubufa, mngane oyisoni, ubani obeyokumela na? Umelusi wakho angeke, umama wakho angeke, noma omunye ongcwele angeke, kuthatha uKristu futhi Yena yedwa.

Ake sicabange ngakho, sisakhothamisa amakhanda ethu, umzuzwana nje ngomkhuleko.

100 Ungahle ukuba uze ukuzobona isiphiwo sikaNkulunkulu njengoba kwenza indlovukazi yaseSheba. Ngingathanda ukunibuza umbuzo ngenkathi nisakhuleka: Beningathi, "Ngihlole, O Nkulunkulu, futhi ubone manje, angikaze ngikubone lokhu kwenzeka, kodwa ngisanda kufika emagcekeni, ngiyazi akukho lutho kuleyondoda encane emi emsamo, kodwa ngize ngokukholwa ngilindele ukubona into ethize yenzeka, futhi ngiyazi ukuthi Uzokwenza. Futhi, Nkosi, ngifuna ukuKwemukela njengoMsindisi wami, futhi ngifuna ukuKumela, khona manje, ukuthi ngaloloSuku, Uzongimela."

101 Bangaki ophakathi lapha ozovele ngokushesha, asikwazi ukunibizela phezulu lapha, kodwa phakamisa isandla sakho nje bese uthi ngalokho, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi"? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. O, he! Amashumi amathathu, izandla ezingamashumi amane, amashumi amahlanu, yebo, ngaphezu kwalokho mhlawumbe. "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Manje ngifuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nami, ngifuna ukwenza lokhu ukuMmela okwenele konke khona manje. Ngiyakholwa ukuthi ngiseBukhoneni baKhe, futhi ngifuna ukuMmela, ukuze Angimele ngaloloSuku."

102 Bangabakhona abanye futhi ongaphakamisa isandla sakho na? Phezulu kuvulandi osesitezi, phakamisani izandla zenu. Bafo abasha, nisezimpambanweni-mgwaqo zokuphila ngqo, lalela, dadewethu nomfowethu, o, leli yihora lakho. UNkulunkulu akubusise, nsizwa, leyo yinto yobuqhawe. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise lapho. Lokho kuhle.

103 Wena uthi, "Mfowethu Branham, kwenzani lapho ngiphakamisa isandla sami na?"

Kuyakuguqula usuka ekufeni uye ekuPhileni uma ukusho ngempela; ngithatha izwi lakho, noNkulunkulu uzokwenza.

104 Niyazi, ngokwesayense, ungeke wanyakazisa isandla sakho, amandla adonsela phansi afanele abambe isandla sakho phansi ohlangothini lwakho, kodwa lapho ushaya indiva amandla adonsela phansi, uphakamise isandla sakho ngakuMenzi wakho, kukhombisa ukuthi kukhona uMoya kuwe owenze isinqumo, futhi uyishaye indiva imithetho yemvelo, wena (uNkulunkulu akubusise, mnumzane.), uyishaye indiva

imithetho yamandla adonsela phansi, futhi waphakamisela isandla sakho ngakuMdali okholwa ukuthi uyakwenza, ukuthi wakwenza, bese uthi, "Manje ngiyaKwemukela, Nkosi, njengoMsindisi wami." UNkulunkulu wafaka igama lakho eNcwadini ngawo impela umzuzu okwenza ngawo, wedlula ekufeni uye ekuPhileni.

105 Bukani nje ukuthi kwenzekani phakathi lapha, kulobubusuku. Bekuyini na? Khulekani manje. Mhlawumbe bekungaba khona omunye, noma mhlawumbe ngaphezulu, obengathanda uku, ngesandla esiphakanyisiwe, ngenkathi wonke umuntu esakhothamise amakhanda abo, ekhuleka, "Nkulunkulu, manje ngiphakamisa isandla sami, hhayi kumshumayeli, kodwa kuWe, Nkosi, ngenelisekile ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, futhi ngifuna Wena ube nguMsindisi wami, futhi ngiphakamisa isandla sami ukuba ngiKumele, kulobubusuku." Phakamisa isandla sakho, uzokwenza yini, sisakhuleka na?

106 Yebo. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, mnumzane, lokho kuhle kakhulu. UNkulunkulu akubusise, omncinyane. Mhlawumbe uNkulunkulu akakaze. . .ngisho awukaze uwubone uMoya oNgcwele uhamba ngamandla, kodwa nje uyaWemukela ngaphambili. Mkhulu lowo ongakaze abone, futhi nokho ukholwa ukuvuka. UNkulunkulu akubusise, mnumzane, phansi lapha. Impela. Manje, ngabe usuqedile yini. . .?

107 Ngiyakukholwa nje lokhu, ukuthi uNkulunkulu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi wonke oza kiMi, Ngiyakumnika ukuPhila okuphakade, futhi ngimvuse ngezinsuku zokugcina." UJohane oNgcwele 5:24 wathi, "Ozwa iZwi laMi," (Manje, u *o* yisabizwana somuntu, hhayi ibandla, iqembu labantu: umuntu.), "ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, uno," inkathi yamanje, "kuPhila okuphakade, futhi akasoze aya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

108 Khona-ke ifu elimnyama lokufa lintweze lisuka ngaphezu kwabantu abangamashumi amahlanu noma amashumi ayisikhombisa nanhlanu, phakathi lapha kulobubusuku, nokuKhanya, amafu okuKhanya afikile kubo.

Asikhuleke.

109 O Nkulunkulu oBusisiwe, inhliziyo yami iyaxhuxhuma ukubona ibandla elincane labantu, idlanzana nje, libuthene phandle lapha kulobubusuku, nabaningi babo abezwa nje iZwi benza ukuma kwabo. Bangena ngisho nakakhulu kunendlovukazi yaseSheba, yalinda ukubona amandla kaNkulunkulu esebenza ngoSolomoni, kodwa lababantu abalindanga, bayalikholwa iZwi, futhi benze ukuvuma kwabo

kwephutha labo, futhi bemukele uJesu njengoMsindisi wabo siqu.

110 O Nkulunkulu, wusuku olusha nokuphila okusha kwabo. Busisa ngamunye wabo. BangabaKho, Nkosi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . bona ngokushunyayelwa komlayezo, bayimiklomelo yomlayezo wakulobubusuku, nangomusa waKho. Futhi manje, Ufanele ubanike iNdodana yaKho njengesipho sothando; akekho ongabahlwitha ezandleni. Ngoluny'usuku, uma ngingazixhawuli neze lezozandla, esiphakamile kulobubusuku, ngiyakholwa lapho ukuphila sekuphelile, netafula elikhulu libekiwe eSidlweni sakusihlwa soMshado, nezinyembezi zehla ezihlathini zethu ngenxa yenjabulo, ukuthi iNkosi iyakuphuma futhi yesule zonke izinyembezi emehlweni ethu, futhi ithi, "Bantwana, ningabe nisakhala, sekuphelile, ngenani ezintokozweni zeNkosi, elungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba," ngikholwa ukuthi ngizoxhawulana nabo Lapho.

111 Nkulunkulu, babusise, bangabaKho. Baphe okuhle ukwedlula konke Onakho eMbusweni waKho, Nkosi, ngabo. Yipha ukuthi bazophila impilo ende, futhi babe nempilo, futhi bajabule, futhi baKukhonze zonke izinsuku zokuphila kwabo. Kwangathi bangaba yizindlu zamalambu emphakathini lapho behlala khona, nasedolobheni, nasemabandleni abo. Siphe khona, Baba, bangabaKho manje. EGameni leNdodana yaKho, uJesu, ngibethula kuWe njengemiklomelo yomlayezo. Amen.

112 O, kukhona okuthize ngeVangeli okukukolobhayo kakhulu nje. Nizizwa ngaleyondlela ngakho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulula kakhulu, kulula kakhulu nje ukuthi kweqa phezu kwamakhanda abantu ababheke okuthize, into ethize enkulu, kodwa kulula.

113 Manje sizobiza umugqa womkhuleko futhi sikhulekele abagulayo, futhi sikholwe ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa abagulayo nabahluphekile osesakhiweni kulobubusuku.

114 Manje, ngifisa sengathi beningahlala nje nithule ngakho konke eningakwenza manje. Futhi bangaki phakathi lapha, ozizwa ekahle ngempela emphefumulweni wakho na? Phakamisa isandla sakho nje. O, lokho nje kuhle. UNkulunkulu anibusise, bangane bami abathandekayo.

115 Manje, ngifuna ukunibuza okuthize. INkosi uJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, futhi Wethembisa emlayezweni wethu kulobubusuku, ukuthi lesisizukulwane esiphila kuso manje, siyobona isibonakaliso sokuvuka, leso kuyoba yisona sibonakaliso kuphela esanikwa isizukulwane sizoba yisibonakaliso sokuvuka. UmBhalo ufundisa ukuthi uJesu uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade, amaHeberu 13:8.

116 Bangaki olapha okokuqala, ubungekho lapha izolo ebusuku na? Ake sibone izandla zenu, kuso sonke isakhiwo. Awu, kuyinto

enhle ukuthi isixuku lapha izolo ebusuku asibuyanga, okubili kokuthathu kwabo abaqala ukufika.

117 Manje, izolo ebusuku bengikhuluma ngokuthi. . . Ngicabanga ukuthi uDkt. Vayle unakho kulobubusuku, aninike incazelo yokuthi uJesu washo kanjani ukuthi akenzi noma yimiphi imisebenzi qobo lwaKhe, kodwa kwakungombono ukuthi Wabona ukuthi uYise waMkhombisa ukuthi akenzeni. Niyakukholwa lokho na? UJohane oNgcwele 5:19. UJesu wathi, "INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo."

118 Uma beningaqaphela, Wedlula endaweni lapho kwakukhona isixuku esikhulu, mhlawumbe abantu abayizinkulungwane eziningana. Osomlando basitshela ukuthi babelele kulelichibi laseBethesda, futhi ngenkathi iziNgelosi zizamazamisa amanzi, babegwazana bezama ukungena kuqala ukuhlola ukukholwa kwabo eNgelosini. Futhi khumbulani, owokuqala waphulukiswa, onke amandla eNgelosi ayesehambile okwenye inkathi yonyaka, balinda, mhlawumbe, izinyanga; indoda eyodwa yayikade ilindile iminyaka.

119 NoJesu wedlula endaweni efanayo, lapho izinsuku ezimbalwa ngaphambi kokuba owesifazane athinte ingubo yaKhe, futhi Waphenduka, Wathi, "Ubani oNgithintile na?" Futhi bonke bakuphika. NoJesu wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi." Futhi Waqalaza phezu kwezethameli, waze Wathola umuntu owaMthintayo. Wathi, wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.

120 Manje, lowo kwakunguJesu izolo. IBhayibheli lathi Usenguye namhlanje, nomPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Uma lokho kungesilo iqiniso, khona-ke ngi—ngizobeka leNcwadi phansi futhi ngisuke lapha, ngoba uma Ingesilo iqiniso, angifuni kuzihlanganisa ngalutho naYo, kodwa ngithole lokhu: ukuthi lonke iZwi liyiqiniso, ungaphumuza umphefumulo wakho.

121 Ngingahle ngingabinakho ukukholwa ukuKwenza konke kusebenze kahle, kodwa ngiyaKukholwa, noma kanjani. Angisoze ngama, ngingahle ngingabi nakho ukukholwa kokuhamba njengoba kwenza u-Enoke omdala, futhi ngithathe uhambo futhi ngiye eKhaya ntambama, ngingadingeki ukuba ngife, ngingahle ngingabi nalo lolohlobo lokukholwa, ngingahle ngingabi nakho ukukholwa okwenele ukumemeza ziwe phansi izindonga zedolobha njengoba kwenza uJoshuwa, kodwa angisoze ngama endleleni yomunye umuntu onalokho kukholwa, ngi—ngibonga uNkulunkulu ngalokho kukholwa. Ukukholwa enginakho, ngiyaMthanda, futhi ngicela okuningi.

122 Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, nowesifazane waMthinta, futhi Wayengazi, noma. . .

Angeqambe amanga, WayenguNkulunkulu. Ngakho owesifazane waMthinta, futhi Wathi, "Ubani oNgithintile na?"

Futhi uPetru wathi, "Awu, sonke isixuku siyaKuthinta!" Yilokho okwenzayo namhlanje.

123 Kodwa Wathi, "Ngiyabona ukuthi amandla aphumile kiMi." Lokho ngamandla okuqina. "Ngibe buthakathaka." Futhi Wabuka phansi, njengoba amanzi ayesechibini, iNgelosi, njalo, emanzini, wayesethi, "Awu, ngi—ngibe buthakathaka." Ngakho Wathola owesifazane futhi wamtshela.

124 Manje, uma Esenguye, neBhayibheli lasho, eNcwadini yamaHeberu, Yena manje ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Bangaki abafundi beBhayibheli abebengathi, "Amen," khona manje kulokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu khona-ke, uma EngumPristi oMkhulu *manje*, Uzofanele enze njengoba Enza *ngaleyonkathi*, ukuba abe nguye izolo, namuhla, naphakade. Ngabe kunjalo na? Lutho uBaba aze aMbonise.

125 Manje, Wakhuluma iqiniso, ngakho-ke Akazange enze nesisodwa isimangaliso uNkulunkulu waze waMkhombisa ngombono ukuthi akenzeni, ngokweZwi laKhe uQobo, uJohane oNgcwele 5:19. Hlolani imiBhalo. Akukho-mprofethi owake wenza noma yini ngokungahleliwe, nguNkulunkulu njalo; akukho-nyama engadumisa ebusweni bukaNkulunkulu.

126 Futhi uJesu akazange Azibize ngomphulukisi ngokukaNkulunkulu, qhabo, Wathi, "AkuMina owenza imisebenzi, NguBaba waMi ohlala kiMi, UyaNgikhombisa, noma, wenza imisebenzi, Ngenza nje lokho Angikhombisa ukuba ngikwenze."

127 Futhi Wayemi ezixukwini zabantu, nabantu babekhuphukela kuYe, futhi Wayezokwazi ukuthi babengobani, nokuthi amagama abo ayengobani, ukuthi bavelaphi, ukuthi babenzeni empilweni yabo. Bangaki okwaziyo lokho na? Ubungathi, "Amen"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

128 Owesifazane emthonjeni, Wakhuluma naye, futhi Wamtshela ukuthi isono sakhe sasikuphi. Futhi wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile? Akuyena yini uMesiya Lona na?"

129 Lowo wesifazane wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunengxenye yabashumayeli ezweni namhlanje. Kunjalo. Engunondindwa, wafundiswa kangcono. Wayazi kakhulu ngakho kunabo bonke abaFarisi bezenkolo abaqeqeshiwe bezinsuku zabo, bathi, "Lona ngudeveli. Awu, lomuntu, lowo ngudeveli, ungumbhuli."

130 Kodwa wathini udeveli ngakho na? "Siyazi ukuthi UnguBani: ONgcwele kaNkulunkulu."

131 Kuthiwani phezulu lapho ngenkathi—ngenkathi uPawulu noSila babenza imisebenzi kaNkulunkulu, nalowombhuli omncane wagijima waphuma wayesethi . . . Ngani, abashumayeli bonke bathi, "Lamadoda angamadoda amabi kabi, agumbuqela izwe." Lawo kwakungamadoda ezenkolo.

Kodwa lombhuli omdadlana wathi, "Bangamadoda kaNkulunkulu asitshela indlela yokuPhila." Ubani owayeqinisile, abashumayeli noma udeveli na? Lokho kusobala impela, kodwa lelo yiqiniso.

132 Ubani owayeqinisile ngenkathi bempompoloza, "Akahambe umuntu onjalo, akahambe umuntu onjalo! Akalutho kuphela unguBelzabule"?

Nodeveli wathi, "Siyazi ukuthi UnguBani, ONgcwele kaNkulunkulu, Uzelani ukusizwisa ubuhlungu ngaphambi kokuba kufike isikhathi sethu na?"

133 Ubani owayazi kakhulu, uKayafase noma uSathane na? USathane. Niyabo, bathola nje ukuboshwa kakhulu yiZwi, beboshwe kakhulu yibandla, baze bangabe besayemukela ingxenye yokomoya yakho, kuhamba phezu kwamakhanda abo.

134 Bukani, ngenkathi uFiliphu ehamba futhi wafumana uNathanayeli futhi wamletha . . . wamthola phansi komuthi, futhi uza kuJesu, noJesu wayezoZibonakalisa phambi kwesizwe samaJuda, futhi Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

Wathini na? "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

Wathi, "Ngoba ngikutshele lokho, uyakholwa na?"

135 Wathini owesifazane na? "LoMuntu ungitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?" Leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

136 UPetru uyafika, wayengasazi isandla sokudla nesokunxele neze, wayengakwazi ukubhala igama lakhe, indoda engazi lutho nengafundile, wenyukela phambi kweNkosi uJesu, noJesu wambuka, wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi kusukela manje uyakuthiwa uPetru; negama likayihlo nguJonase." Ucabanga ukuthi wacabangani na? Impela. Lowo nguJesu izolo. Wazibonakalisa Yena uqobo futhi wazimemezela Yena uqobo phambi kwamaJuda namaSamariya. Kunezizwe ezintathu kuphela, amaJuda, abeZizwe, nomSamariya, umSamariya ungumJuda noweZizwe ingxenye, yilokho kuphela; abantu bakaHamu, uShemu, noJafete.

137 Manje, Wathi, “Ningayi kwabeZizwe,” futhi kanjalo Akayanga. Kodwa Walinda lonyaka, futhi lokhu ngukuphela, oweZizwe ubengabahedeni. Manje, sidlula kuwo wonke lonyaka webandla, sidlinza iBhayibheli, sinezikole, nosiyazi bezenkolo, nokunye nokunye, nakho konke, manje sekwehlele ekupheleni, bebefanele bakuqonde. Manje, Uthembisile ukuthi Uyokwenza futhi. Uma Azimemezela Yena uqobo futhi Wazenza uKristu kulabobantu, futhi engenzi okufanayo ekupheleni konyaka wabeZizwe, khona-ke Akasuye izolo, namuhla, naphakade. Lelo yiqiniso.

138 Manje, uma kuza ekuphulukiseni, bengingeza futhi nginishayise umugqa nina bantu phezulu lapha njengoba nidlula, futhi ngibeke izandla phezu kwenu nonke, lokho kungahle kube kahle, angimelene ngalutho nalokho. Mfowethu othandekayo, u-Oral Roberts, nabanye abefundisi abaningi bayakwenza lokho, umelusi wakho ugcoba ngamafutha, lowo ngumBhalo impela, leso yisipho sabo esivela kuNkulunkulu, lesi ngesinye. Kodwa ukuba bewazi ukuthi Lowo Owaloba leliBhayibheli wayemi ekhona eBandleni, esebenza eBandleni . . .

139 Manje, khumbulani, Wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona.” Ngabe yilokho Akusho na? Yini izwe na? Uhlelo lwezwe, “Ngeke besaNgibona, nokho niyoNgibona nina,” lowo ngabaKhethiweyo, iBandla, “ngokuba Ngi,” isabizwana somuntu, “Ngizoba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe.” UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Niyakukholwa lokho na? “Imisebenzi, izinto eNgizenzayo nani nizozenza. Mina ngingumVini, nina ningamagatsha.”

140 Umvini ungethele isithelo, unokuphila kuphela ukuba ukunikeze igatsha, negatsha lithela isithelo; iBandla likaKristu liyi—liyigatsha. Manje, uma uya egatsheni futhi ungatholi isithelo soMvini, khona-ke kukhona okungalungile, akukho eGatsheni, uKristu Jesu; kodwa uma kuseGatsheni, uKristu Jesu, liyothela izithelo zikaKristu.

141 Niyazi ukuthini? Bangaki phakathi lapha onamakhadi omkhuleko na? Ake sibone izandla zenu. Bangaki abangenawo amakhadi omkhuleko na? Ake sibone izandla zenu. Ofuna ukukhulekelwa na? Phakamisani izandla zenu, labo abangenawo amakhadi omkhuleko, ongenawo amakhadi omkhuleko futhi ofuna ukukhulekelwa, phakamisani izandla zenu, kuso sonke isakhiwo, ovulandi abasesitezi, noma ngabe ukuphi. Awu, kukhona cishe abaphindwe ngamashumi amabili, noma, hhayi abaphindwe ngamashumi amabili, kunabaphindwe kaningi futhi abangenawo amakhadi omkhuleko kunoma ekhona onamakhadi omkhuleko.

142 Ngiyakholwa uma nizongibekezelela umzuzwana nje,

ngizobeka uNkulunkulu kwelamanqamu, khona manje, futhi ngibone ukuthi Uzosenzela yini okuthize. Ngizothatha labo abangenawo amakhadi omkhuleko, futhi ngifuna nina nje laphaya ezethamelini, futhi angifuni nina phezulu lapha, ngifuna nina laphaya ezethamelini . . .

143 Ngizoninika umBhalo, ngizothatha lomBhalo, izolo ebusuku sithathe omunye, kulobubusuku sizothatha lomBhalo: ukuthi manje UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Bangaki okukholwayo lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Awu khona-ke, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi uMthintile kulobubusuku, njengoba kwenza lowo wesifazane, Ubengeke adingeke ukuba enze ngendlela efanayo ukuze afane na? Uma ukwenzile, khona-ke Ubeyodingeka enze, futhi uma Ephila eBandleni, khona-ke Uzokwenza njengoba nje Enza emuva lapho.

144 Manje, asikhuleke umzuzwana nje, futhi ngamunye wenu ubeke enhliziyweni yakho, futhi uthi, "Nkosi Nkulunkulu, manje ngidweba umugqa omncane, futhi kusukela kulelihora . . ."

145 Isizathu ngenza lokhu, ngoba lonke leliqembu liza kuKristu emizuzwaneni embalwa nje edlule, lena yinto entsha, kodwa lonke iqembu lize kuKristu, futhi ngizokholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiza leliqembu labantu kulobubusuku ukubona ukuthi uKristu uphandle lapho kanye nawe, ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, phezu kwalowoMbhalo, ukukubona kubonakaliswa.

146 Manje, Nkosi, kusezandleni zaKho. Manje sizinikela kuWe, lonke leliqembu lamakholwa, nenceku yaKho ethobekile, ngi—ngiyazithoba nje kuWe, nezethameli kuWe. Lemiphefumulo iphakamise isandla sayo futhi yathi bayakholwa, ngaphambi kokuba baze babone noma yini yenzeka.

147 Nkosi, uKristu ebesikhuluma ngaye, futhi ubanike iZwi lesithembiso saKhe, ukuthi Uyosebenza eBandleni laKhe njengoba nje Enza emuva lapho, futhi uyoba njalo kuze kube phakade, makwazeke ukuthi lokhu ukuphela konyaka wabeZizwe, futhi siyiBandla laKho, futhi Usebenza ngathi kulobubusuku. Ngiphe ukukholwa, Nkosi, baphe ukukholwa, futhi kwangathi iGama laKho elikhulu lingahlonishwa. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

148 Manje asihloniphe ngokuzithoba ngempela, akekho ohambayo, yibani nenhlonipho yokuzithoba ngempela nje. Hlalani nithule umzuzwana nje, futhi nje—nje njengasenhliziyweni yakho, ubuthi, "Manje, ngiyazi ukuthi imiBhalo iqinisile, futhi ngizomkholwa uNkulunkulu kulobubusuku ngakho konke okukimi. Ngizokholwa ukuthi uNkulunkulu uzokhuluma kimi kulobubusuku, futhi ngizothinta ingubo yaKhe, futhi Yena, ngokukholwa kwami

ngithinta ingubo yaKhe, Nkosi, Wena sebenzisa iphimbo likaMfowethu Branham ukuba liphenduke futhi lingitshele njengoba nje Wenza kowesifazane emthonjeni, njengoba nje uKristu enza nge—nge—ngesikhathi saKhe—saKhe lapha emhlabeni, futhi ngizokholwa-ke ukuthi Usebenza ngami nangoMfowethu Branham."

149 Kwenze nje lokho, ubone ukuthi Akafani yini. Futhi uma Esenguye, futhi ezofakazisa ukuthi Usenguye, nizoMnika nonke udumo nenkazimulo ngokulunga kwaKhe na? Manje hloniphani ngokuzithoba nje futhi nikhuleke.

150 Angina . . . Manje akukho-muntu phambi kwami, engimaziyo. Angiboni . . . Ngikholwa ukuthi lona ngumholi wamaculo, ohlezi khona lapha. Ngabe kunjalo na? Ngabe ungumfana oholayo, engahlangana naye ezansi eNew York na? Futhi ngikholwa ukuthi lowo nguDokotela Martin ohlezi khona lapho. Ngabe kunjalo na? Awu, lonke iqembu lethu lisemsamo.

151 Bangaki khona lapho owaziyo ukuthi angikwazi, noma angazi lutho ngawe na? Phakamisela izandla zakho kuNkulunkulu, ukuze nje ubone. Kulungile.

152 Manje makuthi uMoya waKhe . . . Manje, uma Esenguye, uMoya waKhe usebenza kithi, okungamagatsha, khona-ke uMvini omkhulu ulapha, uMvini kaMoya, khona-ke Uqala ukuhamba udabule izikhala zokuphumula zenhliziyo yethu. Awu, senzani na? Sizinikele nje. Njengoba nje ngishilo izolo ebusuku, lemayikrofoni iyisimungulu ngokuphelele, ngaphandle uma kukhona okukhuluma ngayo, kanjalo ngizoba lapha. Yini engiyaziyo ngawe na? Angikaze ngikubone, kodwa uma ngiyisimungulu ngokuphelele, uMoya oNgcwele uze ukwenzele okuthize, bese-ke eza lapha futhi akhulume into ngami, leso yisiphiwo sikaNkulunkulu Asethembisa. Akukaze kube khona kusukela kumphostoli wokugcina kuze kube yilesisikhathi; hlolani imilando, osiyazi bezenkolo, nosomlando. Ngani na? Ngoba lokhu ngukuphela konyaka wabeZizwe. Kuyodlula, abasoze bakuqonda, yilabo kuphela abafanele.

153 Benazi yini ukuthi abazange bamazi u-Eliya, abazange bamazi uJohane, usevele uhambile, uJesu wathi, "Lowo ngu-Eliya owayezofika." Babengamazi uJesu, waze Wafa, wembelwa, wabuye wavuka; babengamazi uPatrick oNgcwele, bambiza ngeKatolika, kodwa wayethi akabe ngangami, babengakwazi kwaze kwaba semva kokuba esefile; uFrancis oNgcwele wase-Assisi, umshumayeli ohambayo neBhayibheli ekhwapheni lakhe, hhayi kwaze kwaba semva kokuba esefile; uJoan wase-Arc, bathi wayengumthakathi futhi bamshisa esigxotsheni, eminyakeni eyikhulu noma emibili kamuva, bathola ukuthi wayengongcwele, futhi kusobala, benze ukuzihlawulisa, bagubha imizimba efile futhi bayiphosa emfuleni, futhi namhlanje akungaphansi. UNkulunkulu uyakuthumela,

noma kanjani, kuhamba ngqo phezu kwabantu; Ubiza lowo Amkhethile. NguNkulunkulu kukho konke.

154 Ngilindile nje, anginasizo ngokuphelele, uNkulunkulu angahle angakwenzi, kodwa asikholwe ukuthi Uzokwenza, ngoba angazi, ngi . . . lokhu yinto entsha. Kwangathi Angakupha. Ngifanele nje ngibhekisise. Asinazo izithombe, angicabangi ukuthi zinoGene. Akukho nesisodwa se . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . izithombe silenga eWashington, DC ngakwi-FBI, okuwukuphela kweSidalwa esingaPhezu kwemvelo esake sathwetshulwa ezweni lonke, iNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli.

155 Bangaki ongakaze asibone isithombe na? Ake sibone izandla zenu, kuso sonke isakhiwo, ongakaze asibone lesosithombe. Abanye benu. Sizoba naso masinya, kodwa hhayi manje, ziphelile nya. Akusiso esami, singese-American Photographers Association, iDouglas Studios eHouston. Basehlisela lapho ngalobobusuku, ngenkathi Ema khona lapho phambi kwabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, wangena nje ngqo emhlanganweni.

156 Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho manje. Isikhathi esinesizotha kanje pho! Yini ebingenzeka njengamanje, ibandla nganhliziyonye na?

157 Manje umzuzwana nje, nakhu kumi . . . Ngibona owesifazane, uhlezi emuva ezethamelini, uyangibuka manje, ufake izibuko, unophaphe oluncane eceleni kwesigqoko sakhe. Ngabe ukhulekela okuthize, dade na? Inenekazi, khona lapha, elihlezi eduze kwendoda ligqoke iyembe elimhlophe. Ya, lowo osanda kuphenduka nje wayesebuka indoda egqoke iyembe elimhlophe. Wena. Ngabe ukhulekela into ethize na? Ufuna uNkulunkulu akwenzele okuthile na? Unjalo. Ngabe . . . ? Awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo na? Qhabo. Yinenekazi emva kwakho, inenekazi eli . . . Kwenzekile ngakhuluma nalo. Ngifisa . . . Niyabo? Kuphezu kwalelonenekazi ngqo. Kubukeka sengathi ubungakubona lokho kuKhanya, ukuKhanya okunombala oyisimaragidu kulenga khona lapho ngasenenekazini, lowo nguMoya oNgcwele esimweni sokuKhanya.

158 Manje lindani, bagxeki, ningacabangi ukuthi lowo akusiwo uMoya oNgcwele. Wawubizwa ngokuthini uPawulu esendleleni ebheke eDamaseku na?

159 Uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela ukuthi yini inkathazo yakho lapho, ubungangikholwa ukuthi ngiyinceku yaYo, inenekazi engikhuluma kulo lapho na? Uzokwenza na? Awu, uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisela lesosibhono, futhi akusindise na? Uma ukholwa, yima ngezinyawo zakho. Manje, lelo yinenekazi eli . . . Yebo, yilokhoke, wena. Awunalo ikhadi lomkhuleko, kodwa ubukhuleka, futhi

unesibhono, noma ubunaso. Uthinteni na? Angikaze ngikubone, akukaze kube khona engilwaziyo ngakho, kodwa uNkulunkulu uyakwazi, Uyayazi inkathazo yakho. Uma lokho kuyiqiniso, lokho inkathazo yakho ebiyikho na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Manje hamba uphile.

160 Uyakholwa ukuthi Uyaphila na? Impela, Uyaphila. Akehluleki neze. Ngiphosela inselelo noma yimuphi wenu ukuba akhuleke!

161 Nansi intombazanyana, ihlezi lapha, intombazanyana ibuka phansi. Uyakholwa, nenekazi elincane, eNkosini uJesu na? Wena. Elincane, eligqoke ingubo eluhlaza satshani, lihlezi lapho. Yebo, yilo lelo. Uyayikholwa iNkosi uJesu na? Unenkathazo ngeqolo lakho, awunjalo na? Kunjalo. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo na? Kulungile, awulidingi. Ake ngikutshele, inkathazo yakho yeqolo isihambile.

162 Lowo nguyihlo ohlezi eceleni kwakho lapho. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Uyakholwa na? Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uzongikholwa njengenceku yaKhe na? Unenkathazo yezinso. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Awusenayo manje.

163 Leyo yindodana yakho, ihlezi lapho imamatheka. Kunjalo. Uyakholwa na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Unenkathazo ngentamo yakho, awunayo na? Intamo ephukile. Ubunemfiva yofehlane futhi, ubungenayo na? Awusenakho manje.

164 Manje uyayikholwa iNkosi uJesu na? Yiba nokukholwa nje ukuba ukholwe. Angibazi abantu. Noma ubani obiziwe, uma ngingakwazi, phakamisa izandla zakho, abantu ababiziwe, uMoya oNgcwele ababizile. Phakamisani izandla zenu, uma ngiyisihambi kini, noma ngabe ubani okukhulunywe naye, phakamisa isandla sakho. Manje yiba nokukholwa, ungangabazi, kholwa uNkulunkulu. "Uma ukholwa!"

165 Nakhu kuhlezi inenekazi likhothamise ikhanda lalo manje, limpunga. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, nenekazi na? Lihlezi lapho likhuleka, lisalokhu lisemkhulekweni. Wena. Unesidingo sanoma yini evela kuNkulunkulu na? Unomuzwa oxakile ngakuwe manje, omnandi ngempela, umuzwa othobekile. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Lowo nguMoya oNgcwele. Angikwazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho phezulu le. Uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu izokuphendulela umkhuleko na? Unomthwalo enhliziyweni yakho. Kunjalo. Nalowomthwalo ungowendodana yakho, inedumbe lobuchopho. Yiqiniso lelo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khonake yemukela okucelile. "Njengoba ukholiwe."

166 UDkt. Barton, ubukhuluma nowesifazane okuthile na? Ngabe ubegula na? Kulungile, nenekazi, ngibuke. Kulungile. Bheka phezulu lapha. "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Usemkhulekweni ngomunye umuntu. UMary, lelo yigama lakhe alinikeziwe, ukhulekela indodakazi yakhe, naleyondodakazi inokwehluleka kwengqondo. Yilokho akukhulekelayo.

167 Kuyenzeka kube nguwe nezandla zakho ziphezu kwakhe, uyindodakazi yakhe, nawe. Kunjalo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Angikwazi, ngiyakwazi na? Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi yini oyizele lapho, noma okuthize kuwe, uzongikholwa njengenceku yaKhe na? Uphethwe yisifo samathambo, unaso. Kunjalo. Igama lakho unguNkk. Bennett. Kunjalo. Uvela endaweni ethiwa yiWest Hartford, kunjalo, inombolo yendlu yakho ngu 167 North Main Street, Hartford, Connecticut. Kunjalo. Kholwa manje futhi uye ekhaya uphilile.

Ngiphosela inselelo . . .

168 Lelinenekazi, elihlezi eceleni kwakho, liyakhuleka, nalo, lapho. Ngenkathi ngithi isifo samathambo kuwe, lihlezi lapho likhulekela unina, onesifo samathambo. Kunjalo, akunjalo, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho, uma lokho kunjalo. Kulungile. Uma ungikholwa, umama wakho uzosinda.

169 Anikholwa na? Nomaphi, yibani nokukholwa nje, ningangabazi. Omunye ngale kulesisigaba, kholwa uNkulunkulu.

170 Lapha, bukani lapha, nakho ukuKhanya. NiyaKubona lapho na? UMoya oNgcwele.

171 Wena uthi, "Uyakubona lokho, Mfowethu Branham na?"

172 Into kuphela engingayisho, ngibona ukuKhanya isayense ekubeke ephepheni, futhi yathi, "Isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, ikhamera ngeke iyithathe." Kulenga phezu kwendoda khona lapho, igqoke uhlobo oluncane, ijezi elibukeka libomvu. Ikhulekela othile othandekayo. Nalowo othandekayo ngowesifazane futhi ngudadewabo, futhi usesikhungweni sabagula ngengqondo. Kunjalo. Ngiyisihambi kuwe, ngabe ngiyiso na? Ngiyiso. Kulungile. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho!

173 Empeleni, lowo ngumkakho ehlezi lapho eceleni kwakho. Usenkathazweni, naye, unethumba, kanti futhi unenkathazo yendlala. Igama lakhe nguRuth Edwards. Lelo yiqiniso. Futhi ungowaseBrookfield, eMassachusetts, nobabili, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Hamba uye ekhaya, ususindile manje. Amen.

174 "Uma ukholwa!" Uma lelo kungesilo iBhayibheli likaJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, angiyazi imiBhalo noma nawe awuyazi. Umkhulu kangaka!

175 Hloniphani ngokuzithoba nje manje. Kukhona okwenzekile, kodwa angibonanga ukuthi bekukuphi. NiyaMkholwa ngenhliziyo yenu yonke na? O, Unguye ngempela kakhulu, bangane! Bangaki, ngayo yonke inhliziyo yakho, abakholwa ukuthi iNkosi yethu uJesu. . . ? Manje, niyazi lokho bekufanele kufike ngamandla angaphezu kwemvelo, anginandlela yokukwenza, NguNkulunkulu, ngukukholwa kwakho uqobo, wena uyakwenza. Nguwe okwenzayo, uyakukholwa, bengingeke ngasho lutho, ngaphandle uma uthinta ingubo yaKhe.

176 Lapha emavikini ambalwa edlule, eChicago, kwakukhona inenekazi eliyikhaladi lihlezi phandle, lokhu kuserekhodini, kuyiqiniso langempela, futhi lalikhulekela othandekayo, ezansi ndawondawo e-Arkansas, ngase ngithi kulo, "Unesifo sokuvuvuka kwesibindi, kodwa ukhulekela udadewenu owuhlanya esikhungweni eLittle Rock, e-Arkansas."

Lathi, "Yiqiniso lelo, mnumzane."

Ngathi, "Usegunjaneni elivalekile."

Lathi, "Kunjalo."

"Kodwa," ngathi, "usekhululiwe, ngokuba manje useswangulukile."

177 Futhi ngokusa okulandelayo umatroni uyangena wayesemdedela aphume, wamnika imvume yokuphuma, futhi ngobusuku obulandelayo wandizela e—e—eChicago, futhi wayenekhadi lakhe lokuphuma, futhi wama futhi wafakaza, ngobusuku obulandelayo. Impela. Lokho kwenzeka ngaso sonke isikhathi. "Uma ukholwa!" UnguJesu ofanayo. O, kumangalisa kanjani!

178 Inenekazi elihlezi lapha likhuleka, ikhanda lalo likhotheme, lihlezi phambi kwami ngqo, linezimbali esigqokweni salo, Nks. Rush, wena engikhuluma naye, uma nje uzophakamisa ikhanda lakho umzuzu, nguwe lowo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Yebo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu ingakunika izinto ozifisayo na? Awu, uNkulunkulu akubusise, ubukukhulekela ngaleyonkathi, impela, ubukukhulekela. Inkathazo yakho isemphinjeni wakho, unenkathazo emphinjeni wakho, ezibilini zakho, nasemgogodleni wakho. Kunjalo. Kuyikho. Awusuye owakulelidolobha, ungowaseNewport, iRhode Island. Kunjalo impela. Manje buyela ekhaya, ususindile, uJesu Kristu uyakusindisa.

179 Niyakholwa nonke ngenhliziyo yenu yonke na? Phakamisani izandla zenu, futhi nithi, "Manje ngiyakholwa njengendlovukazi yaseSheba, njengoba ibone isiphiwo sikaNkulunkulu sisebenza kuSolomoni, kuyakuxazulula kimi." Kulungile. INkosi ikubusise.

180 Manje ngizonicela ukuba nenze okuthile kini nonke ukuba niphulukiswe. Lokhu kuqhubeka, kungenza ngibe buthakathaka, niyabona kuyakwenza, bukani umjuluko ezandleni zami, nakho konke, futhi manje sonke isixuku sifana nje... Uyakholwa. Ngi... Uma u... Uma uNkulunkulu engiphe umusa emehlweni akho, ngikholwe manje njengenceku yaKhe, nginitshelile eZwini, futhi Uqinisekisile ukuthi ngikhuluma iqiniso.

181 Futhi uma ngikhuluma iqiniso entweni eyodwa, ngiyalikhuluma manje: Nonke seniphulukisiwe, futhi niphulukisiwe iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye. UBukhona bukaKristu buqinisa iZwi, futhi nonke niphulukisiwe. Niyakukholwa na? Uma ukukholwa, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: Bayakubeka izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda." Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi asikhuleke. Angikhathali ukuthi inkathazo yakho iyini, asikholwe uNkulunkulu.

182 Baba waseZulwini, siletha kuWe lezizethameli, futhi sizihlwitha esandleni sikadeveli ngqo.

183 Sathane, we—wehluliwe, noMoya oNgcwele ukudalulile, futhi wamemezela ukuthi kulesisizukulwane, sobubi balesisizwe, nokho kunabantu, obuthene lapha kulobubusuku, okholwa yiNkosi uNkulunkulu, futhi babubonile uBukhona baKhe, bazi ukuthi Bekungeke kube ngumuntu owenza lokho, ukuthi kungu—ukuqinisekisa iBhayibheli nokuvuka.

184 O Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzothumela isihlambi sikaMoya oNgcwele namandla phezu kwalezizethameli okuzobanyakazisa bonke baye emizweni yabo ukuqonda ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu ulapha, futhi ubasindisile. Siphe khona, Nkosi.

185 Sathane, ngiyakunqoba ngeGazi leNkosi uJesu, nokuhlupheka kwaKhe kokumelela eKalvari! Wehluliwe, Sathane, phuma, eGameni leNkosi uNkulunkulu neNkosi uJesu Kristu! Amen.

186 Nonke nina enikholwa ukuthi niphulukisiwe ngamandla kaNkulunkulu, sukumani nime ngezinyawo zenu futhi ninike uNkulunkulu udumo. Ungesabi, uma ukwemukela, sukuma.

187 Siphe indlela, *NgizoMdumisa*, Dadewethu Barton. O, akumangalisi lokho na? Kuthiwani esihlalweni esinamasondo na? Uyesaba na? Ungesabi. Kulungile:

NgizoMdumisa, ngizodumisa...
(Kunjalo...?...)
Nika...

188 Manje, phumani kuwo wonke lowomuzwa onesitashi, zidedeleni, futhi niphakamise izandla zenu kuMdali omkhulu,

Omi ekhona ukuba asehlulele, futhi nicule ngakho konke okukini, liculeni!

NgizoMdumisa, ngizo . . . (Mphakamise futhi uMnike udumo.)
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Nika . . .

